

Uvuna izithelo omandla emfashinini

MBALI KHANYILE

UKUKHULELA emndenini odonsa kanzima akuzange kumlahlise ngethemba owesilisa waseHammarsdale osenenkampani yokuthunga nesikole esiqeqesha abantu abafuna ukuthuthukisa ulwazi lwabo kulo mkhakha.

USiyethemba 'Ceeye' Ngwenya (26) osekuphele iminyaka engu-7 enenkampani yakhe iCeeye's Fashion Studio, uthi ukhiye wokuphumelela kwakhe ukubekezela nokuzimisela empilweni.

"Ngesikhathi ngenza uMatric ngase ngizitshelile ukuthi ngizozihlanganisela imali yokuhuba izifundo zami ngenxa yokubona isimo esingesihle engikhule kusona. Ngemuva kokuthola umsebenzi wokuba nguweta eCentre Court, eSuncoast ngo-2001 ngaqongelela imali ngenhloso yokuthi ngikwazi ukuqhuba izifundo zami ngonyaka olandelayo," kuchaza

uCeeye.

Le nsizwa eyaqala lo msebenzi ineminyaka engu-16 manje isineNational Diploma yeFashion Design eyayithola eDurban University of Technology.

UCeeye uzichaze njengomuntu okhule ekhonze ukudweba nokusebenzisa ubuchule.

"Into engichaza kakhulu ngalo msebenzi ukusetshenziswa kobuciko nobuchule okuheha amahlelo abantu abathanda izinto ezhinhle. Ngize ngaqoka ukusungula isikole sokuqegesha abantu abazifelayo ngokusika ingqephu ngoba ngifuna ukuthuthukisa amakhono alabo abazimisele ngokuba kulo mkhakha," kubeka uCeeye.

Uthe isikole sakhe siseCommercial City, eThekwini sibizwa nge-Ceeye's Institute of Design.

Uveze ukuthi kufundwa iminyaka emibili kanti kuyimanje umataswa nezinhlelo zokuthi abafundi bakulesi sikhungo bathole ithuba lokwenza ama-

internships ezinkampanini ezahlukene ezigxile kwezemfashini.

Uthe kulesi sikole ufundisa ukuthunga imifaniswano yomsebenzi yabesilisa nabesifazane kanjalo nemiswenko yobili obehlukene.

Izingqinamba athe uhlangabezana nazo kulo msebenzi ukuqegegesha abantu abangazimisi njengoba kuthatha isikhathi ukuthi baqonde lo msebenzi.

Le nsizwa esiqashe abantu abangu-8 kuleli bhizinisi layo nesike yathungela osaziwayo abehlukene ithi ayinayo ngisho nencane inkinga yezimbangi njengoba iqinisekisa ukuthi ikhiqiza izimpahla ezhhlukile kunezithungwe ngabanye abasiki bengqephu.

Phakathi kosaziwayo aseke bathungelwa nguCeeye kubalwa i-Big NUZ, uMnuz Jabulani Ngcobo weCash Flow, abasebenzi benkampani kaLinda Sibiya, iMagic Communications nabanye.



USIYETHEMBA Ngwenya (26) okhombisa uhlolo lwezimpahla azithungayo kule nikampani yakhe

Isithombe: MBALI KHANYILE

Ephetha uthi uphezu kwezinhlelo zokuthi avule esinye isikole eSoweto, eGoli, nokuvula

isitolo eThekwini sokudayisa izimpahla ezithungwe ngabasaki bengqephu abahlukene.